

# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma "bawufunde ngokuhleba" umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)



*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*



*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

UDaanish wabheka ngaphandle kwewindi. Wabona iveni elethe impahla ima ngasonqenqemeni lomgwaqo. Umshayeli waphuma wethula ngemuva kweveni ithileyi lamakhekhe asankomishi amahle, ane-ayisingi. Khona manjalo intombazanyana yaqala ukukhuluma naye. Yayibukeka ingumuntu owayefuna ukuyalelwa indlela. Indoda eletha izimpahla yabeka ithileyi lamakhekhe asankomishi phezu kwephevumenti ukuze ikwazi ukukhomba indlela ebuzwa yintombazana. Ngokushesha okukhulu, umfanyana wagijima wahlwitha amakhekhe wabaleka nawo. Kwathi lapho indoda ithi phapha, ayengasekho amakhekhe.

UDaanish wazama ukukhombisa indoda ukuthi sekonakele ngokushaya ewindini, kodwa yona ayimzwanga. Intombazana yazama ukuchazela uyise ukuthi kwenzekeni, yena wavele wayimbambatha ekhanda nje.

Yase idweba isithombe samakhekhe asankomishi yasinika unina.

"Waze wamuhle lo mdwebo bo," kusho unina. "Ngabe yimbali le?"

Akekho owayeqonda kahle ukuthi intombazanyana izama ukuthini! Ngaso leso sikhathi uDaanish owayenezinyanga eziyi-18 wanquma ukuthi uzofunda masinyane ukukhuluma ngendlela efanele.

Wayengafuni ukuba kuphinde kube khona ongakuqondi lokho azama ukukusho.

Ngemuva kweminyaka eyi-10 ...







uDaanish wayenza iBanga le-6. Ikilasi lakhe lalihlele ukwenzela uthisha walo, uNksz Fish umcimbi wosuku lokuzalwa ozoba yimfihlo. Kodwa amakhekhe asankomishi ayevela kwa-Bake-a-Cake ayesenyamalele.

UDaanish nabangani bakhe, uRuby noBheka kwakumele bathole amakhekhe asankomishi ngaphambi komcimbi wosuku lukathisha oluyisimanga, uma kwakungenzekanga lokho umcimbi wawuzokonakala.

"Bathathu abantu abasolakalayo," kusho yena. "Owokuqala nguSolly Samps, kanti siyazi futhi ukuthi igama lakhe lokumteketisa nguSweetie Pie."

"Owesibili, nguMaria Dlamini owathanda kabi amamafini kashokoledi!" Kwengeza uRuby.

"Kanti ukhona njalo no-Adam Bester. Udla noma yini ahlangana nayo."



Abangani abathathu banquma ukuthi uDaanish uzobuza uSolly, uRuby akhulume noMaria, uBheka yena abhekane no-Adam.

Benza uhlu lwemibuzo ababezoyibuza abasolwa, bavumelana ngokuthi bazohlangana ngakusasa ntambama emva kokuzilolongela ibhola lombhoxo nehokhi.



Bavumelana ngokuthi bazozejwayeza amakhono okubuza imibuzo ngaphambi kokuya kubasolwa.





Ngosuku olulandelayo umngani ngamunye wazama ukuzejwayeza ukuthi uzohambisa kanjani. Owokuqala kwaba nguDaanish owayofuna uSolly.

"Solly, ake ume! Ngingahambisana nawe?"

"Yebo. Ahamba kanjani amalungiselelo omcimbi kaNksz Fish?"

"Hhayi, kubi. Kukhona owebe amakhekhe asankomishi afakwe i-ayisingi. Uyazi yini ukuthi ngabe ngubani owenze lokhu?"

"Daanish, akekho obengathatha amakhekhe asankomishi. Sonke sifuna ukuba ube yimpumelelo enkulu lo mcimbi! Sizokwenzenjani-ke? Mhlawumbe singacela wonke umuntu ekilasini ukuba akhiphe enye imali si-ode amanye amakhekhe asankomishi."

URuby wabuza uMaria phambi kwekilasi. "Maria, ake usho! Yini le esebhantshini lakho? Ake ngiyisuse!"

"Hhayi-ke Ruby, ngiyabonga!"

"Bengikufuna ngemva kokuyozilungisela ekhwayeni izolo, kodwa angaze ngakuthola."

"Kudingeke ukuba ngisheshe ngihambe ngoba umama ubesebenza ebusuku. Ahamba kanjani amalungiselelo omcimbi kaNksz Fish? Kukhona engingakusiza ngakho?"

"Yebo, phela onke amakhekhe asankomishi omcimbi ebiwe. Angazi-ke noma wena uyazi yini ukuthi athathwe ngubani?"



"Uma ngingakhuluma iqiniso, Ruby, angiboni ukuthi kukhona umuntu ekilasini lethu obengafuna ukona umcimbi kaNksz Fish – ngisho uSolly imbala othanda izinto ezinoshukelena."



Ekugcineni, uBheka wakhuluma no-Adam.

"Adam, ake ulinde kancane. Nami ngiyozilolongela ibhola lombhoxo. Ubukuphi izolo ngemva kokufundela ukucula?"

"Oh, kudingeke ukuba ngigijime ngiyobamba ibhasi eliya ekhaya ngoba umama nobaba bebesebenza isikhathi eside. Ubuzelani? Kwenzenjani?"

"Onke amakhekhe ethu asankomishi esiwafunele umcimbi kaNksz Fish anyamalele. Kukhona yini wena okwaziyo ngalokhu?"



"Yehheni bantu! Ucabanga ukuthi ngoba mina ngithanda ukudla noma yini ngingaze ngithathe amakhekhe? Bengingeke ngakwenza lokho ngoba yinto ezokona umcimbi wethu. Sonke phela senze okuningi ukuze umcimbi ube yimpumelelo."



Ntambama ngalelo langa abaseshi abathathu bahlangana ukubhunga ukuthi batholeni. Bavumelana ngokuthi u-Adam noMaria noSolly babengeke bawathathe amakhekhe asankomishi. Okwabuye kwaba umonakalo omkhulu ukuthi namasosejiroli ayesenyamalele!

Yase iyinye nje into ababengayenza: ukuba bahlale ubusuku bonke esikoleni bazame ukubamba isela oqotsheni!

Ngemva kokuthola imvume yokwenza lokhu kuthishomkhulu nabazali babo, babeka imibhede yokukhempa emithathu endlini yemicimbi esikoleni. Base becisha izibani bazishutheka emasakeni abo okulala. Umnyango babewushiye uvuleke kancane nje ukuze kungene ukukhanya okuncane.

UDaanish noRuby babelokhu bephenduphenduka ngenkathi uBheka elokhu ehona, enza umsindo ohambisana nowewashi elilenga odongeni. "Kodwa yena angalala kanjani nje inkinga ingakaxazululeki?" kucabanga uDaanish. Iyisimanga ngempela impilo.

Ngehora le-12 ebusuku umnyango wansegeza uvuleka.

"Bheka! Bheka! Vuka!"

"Yini? Kwenzenjani?"

"Kukhona osengenile," kuhleba uDaanish. "Ngumuntu omfushanyana."

UBheka wakhanyisa ithoshi. Laphaya phezu kwetafula kwakukhona uFluffy, inja kathishomkhulu, eyase iqalile ukudla amasameshi! Impilo igcwele izimanga!

# Isela lamakhekhe asankomishi



Vulan' amehlo, kunesela lapha!
Ikhekhe lam' elisankomishi belilapha.
We sela ndini, ngithi libuyise manje,
Uzokhala izinyembezi khona manje!

Akusekho bakithi okusengokwami,
Ikhekhe lokugcina bengithi ngelami,
Uma sengisele ngedwa ngizozidlela,
Kungasekho namuntu ozongicela.





Luka, woza ngakimi, uyangisolisa,
Nom' ungaziba ngizokubhekisisa.
Nans' imvuthu yekhekhe ezindebeni
Esh' ukuthi ikhekhe lingen' emlonyeni.

We nkawu egangile ngithi uyedelela,
Uyaziwa ukuthi ngamakhekh' uyazifela,
Yeka-ke ukusuke uqambe amanga,
Uthi ngugogo wakho ongazibambanga.



Vuma masinyane-ke manje wena,
Ukuth' oweba amakhekhe nguwena.
Noma ufuna ngikuvule isiswana lesi,
Ngikhiph' ikhekhe lami ngesandla lesi?

# Amaqiniso akhangayo

- Ukuphawula kokuqala ngendlela yokubhaka amakhekhe asankomishi kwenziwa ngonyaka we-1796.
- Amakhekhe asankomishi okuqala ayebhakelwa ezinkomishini zetiye.
- Athandwa ngabaningi amakhekhe asankomishi ngoba ayesonga isikhathi sokuba sekhishini, kanti futhi ayebhakeka kalula kunamakhekhe amakhulu.
- Amakhekhe asankomishi ake abizwe ngokuthi ngama-fairy cakes (amakhekhe amaferi).
- Ikhekhe elisankomishi elikhulu kunawo onke ake enziwa lalisinda amakhilogramu angama-555, liphakeme ukwedlula imitha, lingamamitha ama-3 ububanzi, linamakhalori ayizigidi ezi-2.
- NguWinston Churchill owaba ngowokuqala ukuncoma ukuthi kuthelwe nokusasithwathwa (ifrostingi) okumnandi ngaphezu kwamakhekhe. Kamuva wakhala ngokuthi unezihlathi ezinkulu nje ngoba usesidle kakhulu lesi sithwathwana!
- Ibhikawozi eMelika lasungula isakhiwo esisodongeni esinembobo okukhishwa kuyo amakhekhe asankomishi amahora angama-24 ngosuku. Le ndawo ihlale inamakhekhe asankomishi amasha angama-600 esikhathini esisodwa.

# Imisebenzi yokufunda ngamaqembu



1 Funda le mibuzo elandelayo bese ubhala izimpendulo.

a. Bheka isihloko nekhava yencwadi. Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani?
b. Ngubani umlingiswa oqavile kule ndaba?
c. Umama kaDaanish wayecabanga ukuthii umdwebo kaDaanish ufana nezimbali. Uma ucabanga wazizwa kanjani uDaanish uma kukhulunywa kanje?
d. Yini eyenza ukuba angabi khona okuqondayo ayefuna ukubatshela khona uDaanish?
e. UDaanish wayenonyaka nohhafu kuphela lapho ebona kwebiwa amakhekhe asankomishi. Ngabe wena ucabanga ukuthi wayeyintombazanyana ehlakaniphie? Usho ngani?
f. Eminyakeni eyishumi emva kwalokho, abuye antshontshwa amakhekhe asankomishi. UDaanish nabangani bakhe basola obani? Shono ukuthi yini eyabenza babasole-ke.
g. Ngabe uyithokozele le ndaba? Bhala imigqa eyi-10 usho ukuthi yini oyithokozele noma ongayithokozelanga kule ndaba.
h. Seyake yakulahlekela noma yakwedukela into ethile, wabuye wayithola?
 i. Tshela abangani bakho ukuthi yini eyakulahlekela, wayithola kanjani.
 ii. Manje bhala izigaba ezi-2 ngento eyakulahlekela wabuye wayithola.
 i. Endabeni inja kathishomkhulu "yayintshontshe" amakhekhe asankomishi. Bhala esinye isiphetho esingaba khona kule ndaba.




2. Ake ucabange kukhona into enyamalele ekilasini lenu. Sebenzisa amagama okubuza (ubani? ini? ephi? nini? ngani?) ukuze wenze imibuzo emi-5 ngale nto elahlekile. Manje buza abantu ababili ekilasini ngalokhu okulahlekile. Bhala izimpendulo zabo ngendlela yokuba kube nombuzo bese kuza impendulo.





3. Yenza imisho emagatshagatsha ngale misho elula nje. Sebenzisa amagama anjengalana: ngoba, maqede, ukuze, wase, ukuze uxhume imisho.



a. Indoda eletha izimpahla yawabeka phansi amakhekhe asankomishi.
Yaphenduka.

b. UDaanish wabheka ngaphandle kwewindi.
Wabona intombazana encane.

c. UDaanish wanquma ukuthi uzofunda ukukhuluma ngendlela efanele. Abantu babezomuzwa kahle.



4. Phinde ubhale le misho elandelayo kube yinkulumo ebikwayo.



a. "Kudingeke ukuba ngisheshe ngihambe ngoba umama usebenza ebusukui," kusho uMaria.



b. "Kukhona osengenile lapha endlini, kodwa lo muntu mfushane kakhulu," kuhleba uDaanish.



5 Abekilasi lakho sebenqume ukwenzela uthisha wenu umcimbi wokuphela konyaka. Mbhaleleni isimemo. Isimemo kumele sibe nalokhu:

- ikilasi elizoba nalo mcimbi,
- igama likathisha enimthumelela isimemo,
- usuku lomcimbi,
- lapho oyokwenzelwa khona umcimbi nekheli uma kunesidngo salo,
- isikhathi umcimbi oyoqala ngaso,
- isikhathi umcimbi oyophela ngaso,
- imidati ngokubuyiswa kwezimpendulo, nolunye ulwazi oludingekayo.



6 Sebenza nomngani wakho. Kumele ubacele bonke ekilasini ukuba bakhokhe imali yalo mcimbi, kodwa awazi ukuthi kumele ucele malini.

Dweba amakholomu amabili. Kukholomu yokuqala bhala uhla lwazo zonke izinto okumele zithengwe. Kukholomu yakwesokudla bhala ukuthi into ngayinye ibiza malini. Manje-ke hlanganisa onke amanani ezinto bese wehlukanisa isamba ositholile ngesibalo sezingane ezisekilasini lakho. Leli yilona nani okumele ucele ingane ngayinye ukuba iliphathe.



7 Bhala incwadi eya kuthisha wakho. Esigabeni sokuqala mbonge ngokukufundisa kwakhe. Esigabeni sesibili mtshele ukuthi yini ekwenze ukuba ukuthokozele kangaka ukuba sekilasini lakhe. Esigabeni sokugcina mfisele amaholidi amahle. Sebenzisa lokhu kuhleleka okungezansi lapho ubhala incwadi.

Ikheli
Usuku

Nksz ______________________ othandekayo

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

Yimina
Igama lakho

Izinga lesi- 3

# Incwadi yesi- 2

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Kulahleke amakhekhe asankomishi |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibanga lesi-3 Incwadi Yokufunda Ulimi Lwasekhaya Izinga lesi-3 Incwadi yesi-2 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | yami, zonke, umfana, abantu, umfowethu, iminyaka, onjani, ubudala, izinsuku, izibuko, ngabona, phansi, mina, ibhola |
| Ulwazimagama: | unqenqema, amalungiselelo, imvume, mbambatha, umbhoxo, umgwaqo |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Ufunda aphendule imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Wakha imibuzo.<br>▪ Ubuza abantwana afunda nabo imibuzo.<br>▪ Ubhala imibuzo nezimpendulo phansi.<br>▪ Ubhala imisho enenkulumo ebikayo.<br>▪ Ulungisa isabelo-zimali sedili leklasi lakhe.<br>▪ Ubhala incwadi eya kumuntu. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2532-4
9 781431 525324

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2532-4

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-3 zoLimi Lwasekhaya.

### Izinga loku-1

- Unogwaja uqinela impungushe
- Isigameko sasolwandle
- Kumnandi ekhishini
- Idayari yabantwana abakhonondayo

### Izinga lesi-2

- Zeqa-ke izilwane
- UThandi unosuku olubi
- Impelasonto ekhumbulekayo

### Izinga lesi-3

- Kunenunu ekhabetheni lami
- Kulahleke amakhekhe asankomishi
- Kuyamangaza yize kuyiqiniso